**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUGUBHA UKUTHULA EMPUMALANGA - HAMMARSDALE**

27 MARCH 2010

**Ngiyanibingelela nonke**

Kuyintokozo enkulu kumina ukuba ngibe ingxenye yokugubha nani njengoba nibaningi kangaka. Ukuphuma ngobuningi benu kukhombisa intshisekelo eninayo ngokuthula ezimpilweni zenu. Kukhombisa intshisekelo eninayo ngentuthuko yenu. Ngakho-ke ukuhlangana okunjengalokhu kunginika umuzwa wethemba ngekusasa elingcono.

Ngithanda ukuthatha leli thuba ngithi egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal, ngiyababonga abahlali baselokishini laseMpumalanga neHammarsdale yonkana ngokugcina ukuthula okwazuzwa eminyakeni engu-18 edlule. Okusempeleni inina enidinga ukuzishayela ihlombe elikhulu ngalokhu.

Umlando waseHammarsdale usuka kude ekuqaleni kweminyaka yo'50 ngenkathi abantu babebhekene nesimo esibi lapho uhulumeni wobandlulo aqala ukwenza imingcele ngezimboni, eyayihlose ukuvimbela abantu abamnyama ukuthi baye emadolobheni amakhulu bayofuna amadlelo aluhlaza.

Abantu bendawo basuswa emhlabeni wabo baphoqwa ukuba baye elokishini elalisetshenziswa njengezindlu zokuhlala abasebenzi abangaholi olutheni esithi ama-cheap labour. Ngakolunye uhlangothi iHammarsdale yaphenduka ikhaya lezishoshovu ze-ANC ezazibalekela i-special branch ezindaweni zazo njengakoMashu, Lamontville, Clermont nezinye izindawo.

Ngo-1959 amalungu e-South African Congress of Trade Union ayeqashwe eBrivix Clothing Textile angenela isiteleka samaholo esasiholwa izishoshovu ezinjengoJoshua Ndlovu, Johannes Hlongwane noPatience “Gogo” Molefe. Laba babesondelene kakhulu futhi nobuholi be-ANC eNatal. Babesebenza nabaholi abanjengeNkosi Albert Luthuli, uSteven Dlamini, uMoses Mabhida nabanye. Isiteleka saseHammarsdale saziwa njengesiteleka sezimboni sokuqala eNatal.

Phakathi kwezingqalabutho ezavela kule ndawo singabala oMathews Meyiwa, Zakhele Mdlalose noGaphtar Luthuli ababamba iqhaza emkhankasweni we-ANC wokudicilela phansi okwakuthiwa i-Sabotage Campaign. UMeyiwa, uMdlalose, uLuthuli, uMongameli uJacob Zuma nabanye bagwetshwa iminyaka elishumi ejele. Ngo-1974 uMeyiwa noMdlalose baphinda baboshwa kwathi uMongameli uZuma wakwazi ukuphunyuka wabalekela eMozambique. Kulokhu uMeyiwa noMdlalose bagwetshwa udilikajele.

Ngo-1985 ezindaweni zaseSouthern Natal kwabikwa ukusabalala kwezigameko zodlame phakathi kwezinhlangano zepolitiki emalokishini. Umphakathi waseMpumalanga wona wawugcina ngokufunda noma uzwe noma ubone kumaTV abantu befa nemizi yabo ishiswa ngenxa yodlame emalokishini. Kodwa kwathi ngo-1986 abahlali baseMpumalanga baqala ukuzibonela mathupha udlame selufike endaweni yabo.

Ngenxa yalolo dlame kwabulawa abantu ababalelwa ku-2000, kwalinyazwa imizi nempahla yabo. Kuningi-ke ukungenelela okwenziwa ngabaholi abehlukene ukuzama ukuletha uxolo. Kulaba singabala uFrank Mdlalose, uNqobizizwe Nkehli ngasohlangothini lweNkatha noMongameli uZuma owayengusihlalo wesifundazwe we-ANC ngaleso sikhathi, u-Archie Gumede nami uWillies Mchunu.

Kwabendawo sasinabo oMeshack Radebe noSipho Mlaba phakathi kwabanye. Le mizamo yagcina ngokuthi kusayinwe isivumelwano sokuthula ngo-1992. Namhlanje sekungumlando ukuthi ngo-1993, i-African Centre for Constructive Resolution Disputes yanika umphakathi waseMpumalanga i-Africa Peace Award. Ngiveza lo mlando ukuze nibone ukuthi le ndawo yenu icebe kanjani ngomlando, ikakhulukazi womzabalazo wempilo engcono kubantu bonke.

Namhlanje nisohulumeni wentando yeningi owalwelwa ngamaqhawe namaqhawekazi ale ndawo. Kodwa kusho ukuthini lokhu kumhlali nje ojwayelekile waseMpumalanga nakuthina njengezakhamuzi zaKwaZulu-Natal? Kusho ukuthi njengoba sibahlonipha ngeqhaza labo enkululekweni yethu, kumele sisebenze kanzima ukuqinisekisa ukuthi isizukulwane esilandelayo ngelinye ilanga sikwazi usho ukuthi ngempela nathi sawenza owethu umsebenzi ngesikhathi sethu. Nokho, ukuze kwenzeke lokhu sidinga isisekelo esiwukuthula, intando yeningi nentuthuko.

Kuyajabulisa ukuthi ekubungazeni ukuthula esakuthola ngemuva kodlame lwezepolitiki, iMpumalanga Peace and Development Trust yenza nemizamo yokuqeda udlame lwamatekisi oseludlule nemiphefumulo eminingi kuleli lokishi. Ngithatha leli thuba nginxusa imboni yamatekisi ukuba ipheze manje ukuba yiva ngasohlangothini lukahulumeni. Akukwazi ukuthi esikhundleni sokwenza imihlangano yokukhuluma ngentuthuko yomphakathi wethu, thina sitholakale sikhuluma njalo ngokuxabana kosomatekisi okuvame ukudalwa umona namanga.

Ngifuna ukuniqinisekisa ukuthi inhloso yalo hulumeni ngukwenza imboni ibe ngcono kunakuqala. Siyaqonda ukuthi KwaZulu-Natal naseSouth Africa jikelele, sisabhekene nesimo lapho ukuhlelwa kwamadolobha kungazange kubhekelele izithuthi zomphakathi wakithi.

Lona ngumsebenzi omasipala okumele bawubheke uma behlelela izithuthi zomphakathi noma behlelela ingqalasizinda noma benza imigomo yokusetshenziswa komhlaba. Kodwa ngenkathi kwenzeka lokho, imboni yamatekisi idinga ukushintsha umqondo oyilimazayo okubantu wokuthi ingeyababulali. Lokhu kumele kwenzeke ngokuveza obala labo abangamazambane abolile.

Njengohulumeni asikwazi ukuvumela ukubulawa kwabantu abangenacala ngoba nje ososeshini bamatekisi bengavumelani ukuthi ubani okumele asebenzise muphi umzila. Kwezinye izikhathi uhulumeni kumele athathe izinqumo ezinzima ukubhekana nezingxabano zamatekisi ukuze kuvikeleke izimpilo zabantu abangenacala.

Njengoba iNdebe yoMhlaba isifikile, kumele nakanjani bube buhle ubudlelwane phakathi kwemboni nabagibeli ngoba uma kungenjalo silengela engozini yokwehluleka ukuhambisa ngokunethezeka abantu bakithi nezivakashi ezizobuka lo mqhudelwano. Ngakho-ke nginxusa futhi ngigqugquzela abanikazi bamatekisi ukuba baliphathe kahle ibhizinisi labo ukuze kuphephe umphakathi futhi baqinisekise ukuthi izimo zokusebenza ziba ngezigculisayo kubasebenzi babo. Kumele siqinisekise ukuthi kunokuthula, ukuzinza kwesimo nempumelelo ngo-2010 nangemuva kwawo, ikakhulukazi embonini yamatekisi.

Sengiphetha, nginesiqiseko sokuthi sikhuluma nabantu abavuthiwe ngokwebhizinisi abafuna ukuthuthuka kwezomnotho lapha. Imboni yenu ingenkulukazi kwezikwazi ukufukula umnotho kwabamnyama. Njengohulumeni kungumsebenzi wethu-ke ukuthi silekelele kulokhu ukuze nithuthuke, kodwa ngeke sikwazi ukwenza lokho ngaphandle kobambiswano lwenu.

Okokugcina, uhulumeni waKwaZulu-Natal uhlale ucijile futhi ukulungele ukubhekana nanoma yikuphi ukungaziphathi kahle. Uma ucabanga ukwephula umthetho ngala maholide ePhasika, kungcono uqale uvalelise emndenini wakho uzilungiselele ukuyodonsa isigwebo ejele. Phela sihlale sisho ukuthi ungabaleka kodwa ngeke usicashele.

**Ngiyabonga**